

It starts with a story...

## Be a reading home! ★

**Is your home a reading home? Are stories part of your family's daily life? Reading to your children helps them to discover the magic of books. When you read to your children, you teach them that books allow us to explore other people's lives and to go on adventures to different places without ever leaving our homes!**

If your children only read at school and when they do homework, then they will learn to link reading with work and not with pleasure. We need to read

to our children, if we want them to learn that reading can be an enjoyable and entertaining activity. Knowing this is what inspires them to want to read – and then to read more and more. And, this is how they establish a satisfying lifelong relationship with books and reading. What's more, there are lots of research studies to show that the more children read at home, the better they do at school.

But reading to your children can't just happen once or twice. It needs to be one of the regular activities in your home. Here are three tips to help you make reading a part of your family's daily life.

☺ **Be a role model.** When your children see you reading on a regular basis, they learn that reading is important, without you ever having to actually tell them this! Talk to your children about what you are reading and encourage them to ask questions about it. Then talk to them about books that they enjoy.

☺ **If you want them to read, read to them.**

Decide on a time of day that you will sit with your children and enjoy a book together – and then, do this every day for at least 15 minutes! Spending quiet, relaxing times reading together, helps you connect with your children while you develop their language ability, vocabulary and reading skills at the same time.

☺ **Develop children's confidence.**

Value your children's attempts to read, just like you valued their first spoken words! Give them lots of support to develop their confidence – that's half the battle with learning. Encourage them to read to you. Listen to their pretend reading. Let them try to read something that they choose – even if it is a little difficult for them. Unless they ask you for help, just enjoy listening to them read, without correcting them. When children behave like readers they become readers.

## Yibani yikhaya elifundayo! ★

**Ngabe kuyafundwa ekhaya lakho? Ngabe izindaba ziyingxenye yempilo yansuku zonke yomndeni wakho? Ukufundela izingane zakho kuzisiza ukuthi zithole umlingo osezincwadini. Ngesikhathi ufundela izingane zakho, uzifundisa ukuthi izincwadi zisivumela ukuthi sijule nempilo yabanye abantu nokuthi sithathe uhambo olunezigigaba ezindaweni ezahlukene ngaphandle kokushiya amakhaya ethu!**

Uma izingane zakho zifunda ekhaya nangesikhathi zenza umsebenzi wazo wesikole owenzelwa ekhaya, zizofanisa ukufunda nokwenza umsebenzi ongemnandi, ngeke zikufanise nokuzithokozisa. Sidinga ukufundela izingane zethu uma sifuna zifunde ukuthi ukufunda okubhaliwe kungaba umsebenzi othokozisayo futhi oqeda isizungu. Ukwazi lokhu yikho okuzikhuthaza ukuthi zifune ukufunda – nokuthi zifunde nakakhulu futhi. Futhi, lena yindlela ezisungula ngayo ubudlelwane bempilo yonke obenelisayo nezincwadi nokuzifunda. Futhi okunye, nangaphezu kwale nzuzo, luningi ucwaningo olwenziwe ukukhombisa ukuthi uma izingane zifunda kakhulu ekhaya, zenza kangcono esikoleni.

Kodwa ukufundela izingane zakho angeke kube yinto eyenzeka kanye noma kabili nje. Kudingeka ukuthi kube ngenye yezinto ezenziwa njalo ekhaya lakho. Nanka amacebo amathathu azokusiza ukuthi wenze ukufunda kube yingxenye yempilo yansuku zonke yomndeni wakho.

☺ **Yiba yisibonelo esihle.** Uma izingane zakho zikubona ufunda njalo, zifunda ukuthi kubalulekile ukufunda okubhaliwe, akudingeki ukuthi uze uzitshale lokhu! Xoxa nezingane zakho mayelana nalokho okufundayo bese uzikhuthaza ukuthi zibuze imibuzo ngakho. Xoxa nazo ngezincwadi ezizithokozelayo.

☺ **Uma ufuna izingane zifunde, zifundele.**

Nquma isikhathi sosuku ozohlala ngaso nezingane zakho niithokozele incwadi ndawonye – bese wenza lokhu nsuku zonke okungenani imizuzu eyi-15! Ukuchitha isikhathi esithule, nikhululekile nifunda ndawonye, kusiza ukuthi ukwazi ukuxhumana nezingane zakho ngesikhathi uthuthukisa ulwazi lwazo lolimi, ulwazi lwamagama kanye namakhono okufunda ngasikhathi sinye.

☺ **Thuthukisa ukuzethemba kwezingane.**

Yazisa imizamo yezingane yokufunda, ngendlela efanayo nowazisa ngayo amagama azo okuqala ezawakhuluma! Zinikeze ukwesekwa okukhulu ukuze kuthuthukiswe ukuzethemba kwazo – inqotshiwe-ke ingxenye yempi yokufunda. Zikhuthaze ukuthi zikufundele. Lalela ngesikhathi zenza sengathi ziyafunda. Zivumele ukuthi zifunde lokho ezikukhethayo – noma ngabe kuthanda ukuba lukhuni kuzo. Ngaphandle uma zikucele ukuthi uzisize, vele uthokozele ukuzilalela zifunda, ungawalungisi amaphutha azo. Izingane zidinga ukuziphatha njengabafundi bokubhaliwe ukuze zibe ngabafundi. Uma izingane ziziphathisa okwabafundi ziba ngabafundi.



We will be taking a break until the week of 23 October 2016. Join us then for more Nal'ibali reading magic! Sizothatha ikhefu kuze kube yisonto langomhla zingama-23 kuMfumfu wezi-2016. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole omunye umlingo wakwaNal'ibali!



Drive your imagination

Story Power.  
Anywhere. Anytime. Anyone.  
Noma kuphi. Noma nini. Noma nobani.



## Nal'ibali news

On 1 June 2016, Nal'ibali celebrated its fourth birthday and used this occasion to launch its FUNda Leader Campaign – a new campaign aimed at building a reading culture in South Africa – at the historic Homecoming Centre in District Six, Cape Town.

"We would like to encourage all South Africans to get stuck into this campaign and use stories and reading to help children reach their full potential. Every child deserves this opportunity, and the FUNda Leader Campaign is a simple way of giving it to them," said Jade Jacobsohn, Managing Director of Nal'ibali.

The FUNda Leader Campaign encourages ordinary South Africans to become literacy role models for children. The campaign wants us all to find ways to make storytelling and reading part of children's lives. We can do this by sharing stories and books with children in fun and meaningful ways, while making sure to include stories in the children's mother tongues.

At the special launch event on International Children's Day (1 June), Nal'ibali staff and guests were joined by four FUNda Leader ambassadors:

- ★ award-winning South African actress, Denise Newman
- ★ literacy activist and founder of the literacy NGO, Imbewu Yobomi, Mzwandile Lugogo
- ★ community activist, and founder and director of the community organisation, Township Roots, Bulelani Futshane
- ★ well-known illustrator and the artist behind *Madam and Eve*, Rico Schacherl, who has worked with us since 2012 to create the much-loved Nal'ibali characters.

The ambassadors shared some of their reading memories with the audience and also the reasons why they believe that reading has the power to change individual lives and society.

Next, a huge birthday cake with lit candles was brought in for Nal'ibali's Training Co-ordinator, Ntombizanele Mahobe, to blow out. Then it was time to sing happy birthday to Nal'ibali (in three languages!) before everyone got to experience some of the Nal'ibali reading-for-enjoyment activities that form part of what reading clubs do regularly.

It was a fun and inspiring way to celebrate our fourth birthday!

## Izindaba zakwaNal'ibali

Mhla lu-1 kuNhlanguvana wezi-2016, uNal'ibali wagubha usuku lwakhe lokuzalwa lwesine futhi wasebenzisa lo mcimbi ukwethula umkhankaso weFUNda Leader – umkhankaso omusha okuhloswe ngawo ukuthi kuthuthukiswe usiko lokufunda eNingizimu Afrika – endaweni eyingqophamlando ebizwa ngokuthi yiHomecoming Centre eDistrict Six, eKapa.

"Sithanda ukukhuthaza bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuthi bagxile kulo mkhankaso nokuthi basebenzise izindaba ukusiza izingane ukuthi zifinyelele kulokho ezingaba yikho. Yonke ingane ifanele ukuthola leli thuba, futhi umkhankaso weFUNda Leader uyindlela elula yokunikeza abantu lokhu," kusho uJade Jacobsohn, UMqondisi Ophethe uNal'ibali.

Umkhankaso weFUNda Leader ukhuthaza abantu jikelele baseNingizimu Afrika ukuthi babe yisibonelo esihle ngokuphathelene nokwazi ukufunda nokubhala ezinganeni. Umkhankaso ufuna ukuthi sonke sithole izindlela zokwenza ukuthi ukuxoxa izindaba kanye nokufunda kube yingxenye yezimpilo zezingane. Singakwenza lokhu ngokwabelana ngezindaba kanye nezincwadi zezingane ngezindlela ezithokozisayo futhi ezichaza okuthile, ngesikhathi senza isiqiniseko sokuthi sifaka nezincwadi ezingezilimi zasekhaya zezingane.


Emcimbini okhethekile wokwethula owawungoSuku Lwezingane Lomhlaba Wonke (mhla lu-1 kuNhlanguvana), abasebenzi bakwaNal'ibali kanye nezihambeli babehlanganyele namanxusa amane akwaFUNda Leader:

- ★ umlingisi waseNingizimu Afrika osezuze imiklomo, uDenise Newman
- ★ isishoshovu esikhuthaza ukwazi ukufunda nokubhala kanye nomsunguli we-NGO ebizwa ngokuthi, Imbewu Yobomi, uMzwandile Lugogo
- ★ isishoshovu sasemphakathini, esingumsunguli nomqondisi wenhlangano yasemphakathini ebizwa ngokuthi, iTownship Roots, uBulelani Futshane
- ★ umdwebi wemifanekiso odumile nowenza umsebenzi wezobuciko ku*Madam and Eve*, uRico Schacherl, osesebenze nathi kusukela ngowezi-2012 ekwakheni abalingiswa abathandwa kakhulu bakwaNal'ibali.

Amanxusa abelana ngezinye zezinkumbulo zawo mayelana nokufunda nezethameli kanye nangezizathu eziwenza akholelwe ekutheni ukufunda kunamandla okushintsha izimpilo zomuntu ngamunye kanye nomphakathi.

Emva kwalokho, kwaletlwa ikhekhe losuku lokuzalwa elikhulu elinamakhandlela akhanyisiwe ukuze UMxhumanisi Wezokuqeqesha wakwaNal'ibali, uNtombizanele Mahobe aphephethe amakhandlela. Kwase kuba yisikhathi sokucula iculo losuku lokuzalwa lukaNal'ibali (ngezilimi ezintathu!) ngaphambi kokuba wonke umuntu ahlangelele kweminye yemisebenzi yakwaNal'ibali yokufundela ukuzithokozisa eyingxenye yalokho okwenziwa njalo ngamathimba okufunda.

Kwaba indlela emnandi nekhuthazayo yokugubha usuku lwethu lokuzalwa lwesine!



Drive your imagination



Nal'ibali's birthday cake.

Ikhokhe losuku lokuzalwa lakwaNal'ibali.



Some of the children with Neo at the FUNda Leader launch.

Ezinye zezingane kanye noNeo emcimbini wokwethula iFUNda Leader.



Some of the audience in their FUNda Leader T-shirts.

Ezinye zezethameli ezigqoke izikibha zazo zeFUNda Leader.

2015 Story Bosso winner, Athandiwe Sikade, entertained everyone with her storytelling talents.

Owaphumelela iStory Bosso yezi-2015, u-Athandiwe Sikade, wathokozisa wonke umuntu ngamathalente akhe okuxoxa indaba.

## Be a FUNda Leader

If you're ready to stand up and be a FUNda Leader, get in touch with Nal'ibali right away! Simply join by signing up on the Nal'ibali website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Or, contact us by email on [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), or by phoning us on **02 11 804080**.

Once you've signed up:

- Then, Nal'ibali will give you the training and support you need to do simple things to grow literacy, and we'll proudly keep a record of all the great things you do!
- You'll be able to share your FUNda Leader experiences and photographs on Nal'ibali's social media platforms so that everyone can see what you're doing.
- Through social media we'll connect you with other FUNda Leaders so that you can share ideas, work together or just grow your network of people who are as passionate about helping children develop a love of reading as you are.
- Active FUNda Leaders will get special offers and be able to enter competitions. They could also have the opportunity to attend the annual conference of the FUNda Leader network.



**FUNda**  
LEADER

## Yiba yiFUNda Leader

Uma usukulungele ukusukuma bese uba yiFUNda Leader, xhumana noNal'ibali njengamanje! Vele uhlanganyele ngokubhalisa kusizindalwazi sakwaNal'ibali ku-: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org). Noma, uxhumane nathi nge-imeyli ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org), noma ngokusishayela ucingo ku-**02 11 804080**.

Uma ususayinile:

- UNal'ibali, uzobe usukunika ukuqeqeshwa kanye nokwesekwa okudingayo ukuze wenze izinto ezilula ukuba uthuthukise ukwazi ukufunda nokubhala, futhi siyoligcina ngokuziqhenya irekhodi lazo zonke izinto ezinhle ozenzayo!
- Uzokwazi ukwabelana ngalokho okwenzeke empilweni yakho njengeFUNda Leader kanye nezithombe ezingosini zokuxhumana zakwaNal'ibali ukuze wonke umuntu abone ukuthi wenzani.
- Sizokuxhumanisa namanye amaFUNda Leader ngengosi yokuxhumana ukuze nabelane ngemiqondo, nisebenze ndawonye noma nikhulise uhlelo lwenu lwabantu abanentshisekelo yokusiza izingane ukuthi zithuthukise uthando lokufunda njengawe.
- AmaFUNda Leader asebenzayo azothola izipesheli futhi akwazi nokungenela imincintiswano. Kungenzeka futhi ukuthi akwazi ukwethamela inkomfa yaminyaka yonke yohlelo lweFUNda Leader.



## Get story active!

Here are some ideas for using the two cut-out-and-keep books, *Helga's big splash*, (pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12) and *Tam on top* (pages 9 and 10), as well as the Story Corner story, *A ghost in Granny's pyjamas* (page 14). Choose the ideas that best suit your children's ages and interests.

### Helga's big splash

This is a story about accepting yourself and knowing who you are. It is about a hippopotamus, Helga, who becomes unhappy when she tries to be what she thinks the other animals want her to be, instead of just being herself!



- ★ Let your children talk about what they know about hippos. Then read the information in the "Did you know?" box on this page together. Encourage them to find more information about hippos on the Internet or in books.
- ★ Discuss these questions with your children: Are hippos supposed to be thin? What else could Helga have said or done when Bartholomew called her fat? Do you think the other animals did the right thing when they agreed with him?
- ★ Invite the children at your reading club (or in your class) to do a television news report on what happens in the story. Divide the children into groups so that there is a news reader, a reporter (who interviews characters from the story), Helga, Bartholomew and a couple of the other animals in each group.

#### DID YOU KNOW?

- 📎 Hippopotamuses have short legs, a huge mouth and a body shaped like a barrel.
- 📎 Most hippos live for about 45 years.
- 📎 Hippopotamuses are land animals, but they spend a large amount of time in water, such as rivers, lakes and swamps. Resting in water helps keep a hippo's body temperature down. They even give birth in water.

### Tam on top

Tam's friends say she is too small to play soccer with them, but then they realise that small is good when they need her to reach their ball that is stuck on the roof!

Discuss these questions about the story with your children.

- ★ How do you think Tam felt when Sam and Zen said she couldn't play soccer with everyone?
- ★ If you had been one of Sam and Zeb's friends, what would you have said or done when they said this?
- ★ What else could Tam have said or done when they wanted her to climb up to fetch the ball? Why do you think she didn't say or do this?
- ★ What do you think Sam and Zeb might have learnt in this story?



### A ghost in Granny's pyjamas

- ★ In the story, Onke's dog, Puppy was dreaming. Encourage your children to draw a picture of Puppy fast asleep and then ask them to add a thought bubble with a picture in it to show what Puppy was dreaming about.
- ★ Suggest that you children write or tell their own scary stories about something that happens at night.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo okusebenzisa izincwadi ozisika uzikhiphe bese uzigcina, *Ukugxambukela emanzini okukhulu kukaHelga*, (ikhasi lesi-5, lesi-6, lesi-7, lesi-8, le-11 nele-12) kanye nethi *UTam uphezulu* (ikhasi lesi-9 nele-10), kanye nendaba yeKhona Lezindaba ethi, *Isipoki sigqoke amaphijama kaGogo* (ikhasi le-15). Khetha imiqondo ehambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

### Ukugxambukela emanzini okukhulu kukaHelga

Le ndaba imayelana nokwemukela lokho oyikho kanye nokwazi ukuthi ungubani. Imayelana nemvubu, engu-Helga, ogcina engasathokozile uma ezama ukuba yilokho acabanga ukuthi ezinye izilwane zifuna abe yikho, esikhundleni sokuthi abe nguye nje!

- ★ Vumela izingane zakho ukuthi zikhulume ngokuthi zazini ngezimvubu. Bese nifunda ndawonye ulwazi olusebhokisini elithi "Ngabe bewazi?" kuleli khasi. Zikhuthaze ukuthi zithole kabanzi mayelana nezimvubu ku-Inthanethi noma ezincwadini.
- ★ Dingida le mibuzo nezingane zakho: Ngabe izimvubu kumele zizace ngomzimba? Yini enye okwakumele ngabe yashiwo noma yenziwa ngu-Helga lapho uBartholomew ethi ukhuluphele? Ngabe ucabanga ukuthi zenza kahle yini ezinye izilwane lapho zivumelana naye?
- ★ Mema izingane ethimbeni lakho lokufunda (eklasini lakho) ukuthi zenze umbiko wezindaba zethelevishini omayelana nalokho okwenzeka endabeni. Hlukanisa izingane zibe ngamaqembu amabili ukuze kube khona ofunda izindaba, kanye nobuza imibuzo (obuza imibuzo abalingiswa basendabeni), uHelga, uBartholomew kanye nezinye izilwane ezimbalwa eqenjini ngalinye.

#### NGABE BEWAZI?

- 📎 Izimvubu zinemilenze emifushane, umlomo omkhulu kanye nomzimba omise okomphongolo.
- 📎 Izimvubu eziningi ziphila iminyaka engafinyelela kuma-45.
- 📎 Izimvubu ziyilwane eziphila ezweni, kodwa zichitha isikhathi esiningi emanzini, afana nasemfuleni, emachibini kanye nasemaxhaphozini. Ukuphumula emanzini kusiza izimvubu ekugcineni amazinga okushisa kwemizimba yazo ephansi. Zizala zikhona emanzini futhi.

### UTam uphezulu

Abangani bakaTam bathi mncane kakhulu ukuthi angadlala ibhola likanobhutshuzwayo nabo, kodwa babe sebebona ukuthi ukuba mncane kuhle lapho sebemdinga ukuthi abathathele ibhola elisophahleni!

Dingidani le mibuzo emayelana nendaba nezingane zakho.

- ★ Ngabe ucabanga ukuthi uTam uzizwe kanjani lapho uSam noZeb bethi akazukwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo nawo wonke umuntu?
- ★ Uma ubungomunye wabangani bakaSam noZeb, ubuzothini noma ubuzokwenzani uma besho lokhu?
- ★ Ngabe yini enye ebekumele ishiwo noma yenziwe uTam lapho befuna agibele phezulu ukuze alande ibhola? Ucabanga ukuthi kungani engazange asho noma enze lokhu?
- ★ Ngabe ucabanga ukuthi yini engabe ifundwe uSam noZeb kule ndaba?

### Isipoki esigqoke amaphijama kaGogo

- ★ Kule ndaba,inja ka-Onke, uMdlwane wayephupha. Khuthaza izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sikaMdlwane elele bese uzicela ukuthi zifake ibhamuzo lomcabango elinesithombe esikhombisa lokho uMdlwane aphupha ngako.
- ★ Phakamisa ukuthi izingane zakho zibhale noma zixoxe ngezazo izindaba ezisabisayo ezingokuthile okwenzeka ebusuku.


### Create TWO cut-out-and-keep books

#### Tam on top

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

#### Helga's big splash

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

#### UTam uphezulu


1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.

#### Ukugxambukela emanzini okukhulu kukaHelga


1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nelesi-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu ukuze uhlukanise amakhasi.



Drive your imagination



She stayed at home and exercised on her new exercise machines.  
 Wahhala ekhaya wase ezivocavoca emishini yakhe emisha yokuzivocavoca.



and touch-your-toes.  
 wase ede ethinta namazwane akhe.

start-jumps  
 wagxumisa okwenkanyezi

Wenza ama-sit-up,

She did sit-ups,

Visit Helga at her website:  
<http://helgasbigsplash.wix.com/helga>  
 Like her on Facebook.  
 Follow her on Twitter.  
 AND...  
 Help the next book happen through our crowd fund:

**Walter Cleans Up**



contact@matthewkalil.com for any more information.  
 Buy an e-version of Helga at:  
<https://www.amazon.com/dp/B01D04DOPE>

A story about accepting yourself and the splash you make!



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

# Helga's big splash

## Ukugxambukela emanzini okukhulu kukaHelga



Matthew Kalil  
 Archie Collier





No one had ever called Helga FAT before. She was so upset that she crept straight home and went to sleep without any supper. The next day she woke up early and went for a jog. Kwakungekho muntu owayeke wasihela uHelga ukuthi UKHULUPHELE ngaphambili. Wayedinwe kakhulu kangangokuthi wanyobozela ngesikhathi eya ekhaya futhi walala engadlanga. Ngosuku olilandelayo wayogijima.

Helga, the pink hippopotamus, lived happily on the banks of a river in Africa. Every morning, when she woke up, she waddled down to the waterhole where all the other animals were waiting.

UHelga, wayeyimvubu ephinki, eyayizihlalela kamnandi osebeni lomfula e-Afrika. Njalo ekuseni, lapho evuka, wayebhadazela aye emgodini wamanzi lapho okwakulinde khona zonke izilwane.



She didn't eat any breakfast or any lunch, and she only had one leaf for supper. But hippos love food, so the thinner Helga got, the sadder she got. And the sadder she got, the thinner she wanted to be ... Akazange asidle isidlo sasekuseni kanye nesasemi, wadla iqabunga nje njengesidlo sakusihwa. Kodwa izimvubu ziyakuthanda ukudla, ngakho ngesikhathi eya ngokuncipha uHelga, waya ngokudangala futhi. Kant-ke njengoba wayeya ngokudangala nje, wayefuna nokuncipha kakhulwana ...



Azazanga ukuthi zithini ezinye izilwane.  
 Kusenjalo imvubu ezacile yaziphendula kabi ezinye  
 izilwane, “Yebo, yimi. Ngicela nihlukane nami!”  
 “Akukwazi ukuthi ngabe nguye?”  
 “Ngabe uHelga lowo?” kuhlaba ezinye izilwane.


ayizange ithele namunye ngamanzi.  
 kokwabangisa umsindo, futhi  
 yase ingena emanzini ngaphandle  
 yayingena emgodini wamanzi,  
 imvubu ezacile yanyobozela  
 Ngelinye ilanga ekuseni,



know what to say.  
 The other animals did not  
 me alone!  
 “Yes, it is me. Now leave  
 hippopotamus snapped,  
 Suddenly the thin-looking  
 can't be.”  
 “Is that Helga?” whispered the other animals. “It  
 without making a single splash.  
 down to the waterhole, and silently slid into the water,  
 One morning, a thin-looking hippopotamus crept

From that day on, Helga ate healthily and exercised regularly and had a happy, hippo figure for the rest of her life.

Kusukela ngalelo langa, uHelga wadla ukudla okunempilo futhi wazivocavoca njalo kanti wayeseyimvubu ethokozile, nenomzimba okahle impilo yakhe yonke.



Wabe esethi uBartholomew,  
 imfene, “Helga, kumele  
 ngikutshele ukuthi  
 ukhuluphela kakhulu ukuthi  
 ungasumela emanzini.”  
 Zavuma zonke izilwane.



Then Bartholomew, the baboon, said, “Helga,  
 I have to say that you are far too fat to be jumping  
 about in the water.”  
 All the other animals agreed.

UWalter, intbane,  
 wenza umsindo  
 okhombisa  
 ukungathokozi  
 ngekhalalake.



Walter, the warthog,  
 made an unhappy  
 snorting sound with  
 his snout.




UGemina, indulamithi, waphendula intamo yakhe  
 ende, esimanzi wayisa kude noHelga.  
 engemandi.  
 “Helga!” kumemeza izilwane ngendlela

lapho engena emanzini.  
 phezulu wase ehlela phansi, *Gxumbu, sapha,*  
 kubekhona omvimbayo, uHelga wagxuma waya  
 ukuthelwa ngamanzi. Kodwa ngaphambi kokuba  
 zazingafuni ukuthelwa ngamanzi – zazingafuni neze  
 Ngeinye ilanga elibandayo ekuseni izilwane



One cold morning the animals  
 didn't want to be splashed – they  
 didn't want to get splashed at all.  
 But before anyone could stop her,  
 Helga jumped into the air and landed  
*kersploooshh!*, in the water.  
 “Helga!” shouted the animals in a  
 mean way.  
 Gemina, the giraffe, turned her long,  
 soaking neck away from Helga.



Then Bartholomew said, “Helga, you are a hippo. We  
 loved you the way you were, eating and splashing.”  
 “You did?” asked Helga. “But you said I was fat.”  
 “We didn't mean it,” said Gemina.




... and landed in the water.  
*Kersploooshh!*


“Helga!” cheered the  
 animals as they smiled.  
 But Helga's smile was the  
 biggest of them all.

... wase ehlela emanzini.  
*Gxumbu! Sapha!*

“Helga!” kuchwaza zonke  
 izilwane zimamatheka.  
 Kodwa ukumamatheka  
 kukaHelga kwakukhulu  
 kunakho konke.



The children tried to get the ball, but they couldn't reach it.  
 Izingane zazama ukwehlisa ibhola, kodwa azikwazanga ukufinyelela kulo.




Then the ball got stuck. Oh no!  
 Lase ligaxela phezu ibhola. Mami!

CAMBRIDGE

# Tam on top

## UTam uphezulu

Kerry Saadien-Raad  
 Jesse Breytenbach



*Tam on top* is from the Rainbow Reading series by Cambridge University Press. Rainbow Reading is a graded series for primary schools. It provides a wealth of original stories and factual texts, which will help learners to develop the reading skills and vocabulary they need to meet the requirements of the curriculum – in all learning areas. Rainbow Reading consists of 350 titles which are grouped by level and theme. For further information, visit [www.cup.co.za](http://www.cup.co.za)

This version of *Tam on top* has been specially adapted for use in the Nal'ibali Supplement.



Cambridge University Press  
 P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002  
 Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418  
 Email [info@cup.co.za](mailto:info@cup.co.za)

 **CAMBRIDGE**  
 UNIVERSITY PRESS  
[www.cup.co.za](http://www.cup.co.za)


Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



“You can’t play, Tam,” said Sam.  
 “You’re too small,” said Zeb.  
 Tam felt sad.  
 “Angeke ukwazi ukudlala, Tam,”  
 kusho uSam.  
 “Umcane kakhulu,” kusho uZeb.  
 UTam wazizwa edangele.




Sam and Zeb had a new ball. They wanted to play soccer. Their friends wanted to play too! Stef and Megan came. Then Dan and Zondi came. And Tam came too.




USam noZeb babenebhola elisha. Babefuna ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo. Nabangani babo nabo babefuna ukudlala! Kwafika uStef noMegan. Kwase kufika noDan noZondi. Kwase kufika noTam futhi.


“Let’s put Tam on top.”  
 “Make sigibeze uTam phezu!”



“You be the ref, Tam,” said Sam.  
 “Let’s play!” shouted Tam.

“Ungunompempe, Tam,” kusho uSam.  
 “Masidlaleni!” kumemeza uTam.





UBartholomew wathi, "Helga,  
 ngayo, udla futhi usithela ngamanzi."  
 "Ngabe kunjalo?" kusho uHelga.  
 "Kodwa nithe ngikhuluphele."  
 "Besizisholo nje singaqonde bubi,"  
 kusho uGemima.

"Helga!" kumemeza zonke izilwane ngesikhathi  
 zithelwa ngamanzi. Ukuthelwa ngamanzi kaHelga  
 kwakugcina wonke umuntu epholile phansi kwelanga  
 elishisayo lase-Afrika.




"Helga!" all the other animals would shout as they  
 got splashed. Helga's big splash kept everyone cool  
 under the hot African sun.



Wayexuma aye phezulu ...



... bese ehlela phansi, ethi *gxumbu*,  
*sapba*, lapho engena emanzini.



... and land, *kersploosbbb*,  
in the water.

“Ngicela udle okuthile,” kuncenga uWalter.  
“Sifuna UBUYE.”  
Abazange bapholise amaseko, bonke balungiselela  
iphikhikhikhi yomngani wabo obukeka ezacile.  
UHelga wadla, wadla, kwaze kwadlula isikhathi  
sakhe sokulala.



“Please eat something,” begged Walter. “We want  
YOU back.”  
And without delay, they all prepared a picnic for their  
thin-looking friend. Helga ate and ate and ate until  
well past her bedtime.



The next morning, Helga, the  
pink hippopotamus, wandered  
down to the waterhole where all  
the other animals were waiting.  
She jumped high into the air ...

Ngosuku olulandelayo ekuseni,  
uHelga, invubu ephinki,  
yabhadazela yehlela emgodini  
wamanzi lapho ekwakulinde  
khona zonke izilwane.  
Wagxuma waya phezulu ...





Do you have questions about your children's reading and writing development that you'd like help with? Nal'ibali will answer them for you! Go to the "Ask the Expert" section on our website, [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org), and send us your questions.

Here are a few of the questions that people have sent us – as well as our advice to them.

**My baby is six months old and since I came across your website, I've been inspired to read to him twice a day! I really love it that I have found an activity to do with my son that gives us both so much pleasure – and I know that it is benefitting him educationally too. I have bought one or two books for him, but I want to get some more. What should I be looking for in the books I buy for my son?**

Books with simple pictures or photographs of babies' faces usually work well for babies. Most babies also enjoy books that have songs and rhymes in them. Board books and cloth books can be chewed, pulled and patted without breaking them. They therefore work very well when you want to allow your baby to handle books on his own, like during nappy changes or when he is in his pram during a shopping trip. The nice thing about reading to babies is that repetition and routine makes them feel secure. So, you can read the same book over and over again in exactly the same place each day without boring your baby at all!

**What words should a Grade 6 child be able to read?**

Children's reading abilities differ quite a lot, so it's not really possible to say what words all Grade 6 children should be able to read. As long as your child understands what he/she is reading, enjoys reading and reads regularly, his/her reading will improve over time. Encourage your child by reading to him/her every day.

**How much time should I spend reading to my child?**

Children are able to concentrate for different lengths of time depending on different things, like how old they are, how tired they are and how interested they are in the book you're reading to them. We encourage adults to read to children for at least fifteen minutes per day. With some children it might be better to break this up into three sessions of five minutes each. Other children may want you to keep reading to them for an hour! Only read to your children for as long as they are able to concentrate easily. By doing so, you avoid making reading a chore for them and they're more likely to look forward to your reading-together times.



Dear Nal'ibali...  
Nal'ibali Othandekayo...

Write to Nal'ibali at  
The Nal'ibali Trust, Suite 17-201,  
Building 17, Waverley Business Park,  
Wycroft Road, Mowbray, 7700, or  
at [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org).

Bhalela uNal'ibali  
ku-The Nal'ibali Trust, Suite 17-201,  
Building 17, Waverley Business Park,  
Wycroft Road, Mowbray, 7700,  
noma ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org).

**Ngabe kunemibuzo onayo mayelana nokuthuthuka kwezingane zakho ngokuphathelele nokufunda nokubhala ongathanda ukuthola usizo kuko? UNal'ibali uzokuphendulela yona! Yana esigabeni esibizwa ngokuthi yi-"Ask the Expert" kusizindalwazi sethu, ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org), bese usithumelela imibuzo yakho.**

**Nansi imibuzo embalwa abantu abasithumelele yona – kanye nalokho esibacebise ngakho.**

**Umntwana wami unezinyanga eziyisithupha futhi kusukela mhla ngihlangana nesizindalwazi senu, nginentshisekelo yokumfundela kabili ngosuku! Ngiyakuthanda kakhulu futhi sengithole umsebenzi engingawenza nendodana yami osijabulisa kakhulu sobabili – futhi ngiyazi ukuthi iyazuza ngalokhu nangokwemfundo. Sengiyithengele incwadi eyodwa noma ezimbili, kodwa ngifuna ukuyithengela ezinye. Yini okumele ngiyibheke ezincwadini engizithengela indodana yami?**

Izincwadi ezinemifanekiso noma izithombe ezinobuso babantwana zivamise ukusebenza kahle kubantwana. Abantwana abaningi bathokozela izincwadi ezinamaculo kanye nemilolozelo. Izincwadi eziwuqwebu kanye nezincwadi zendwangu ezingaziluma, zizidonse futhi zizishaye ngaphandle kokuzidabula. Ngakho-ke zisebenza kahle kakhulu uma ufuna ukuthi ingane yakho ithinte izincwadi yodwa, ngesikhathi esifana nesokushintsha amanabukeni noma uma isephremini lapho uyothenga. Into emnandi ngokufunda abantwana ukuthi ukuphindaphinda kanye nokwenza okuthile njalo kubenza bazizwe bevikelekile. Ngakho-ke, ungafunda incwadi efanayo njalo, uphinde uyiphinde futhi endaweni efanayo usuku ngalunye ngaphandle kokubangela ingane yakho isithukuthezi!

**Yimaphi amagama afanele ukufundwa yingane eseBangezi lesi-6?**

Ukwazi kwezingane ukufunda kuhlukana kakhulu, ngakho-ke asikwazi ukusho ukuthi yimaphi amagama ingane eseBangezi lesi-6 okumele ikwazi ukuwafunda. Inqobo nje uma ingane iqonda lokho ekufundayo, ithokozela ukufunda futhi ifunda njalo, ukwazi kwayo ukufunda kuzoya ngokuthuthuka ekuhambeni kwesikhathi. Khuthaza ingane yakho ngokuyifundela nsuku zonke.

**Kumele ngichithe isikhathi esingakanani ngifundela ingane yami?**

Izingane zikwazi ukugxila kokuthile ubude bezikhathi obehlukene nokuncika ezintweni ezahlukene, ezifana nokuthi zindala kangakanani, zikhathele kangakanani nokuthi izihlaba umxhwele kangakanani incwadi ozifundela yona. Sikhuthaza abantu abadala ukuthi bafundele izingane okungenani imizuzu eyi-15 ngosuku. Kwezinye izingane kungangcono ukukwehlukanisa lokhu kube yizikhathi ezintathu eziyimizuzu emihlanu sisinye. Ezinye izingane zingathanda ukuthi uqhubeke nokuzifundela kuze kuphele ihora! Fundela izingane zakho kuphela uma zisakwazi ukugxila kulokho kalula. Ngokwenzenjalo, ugwema ukwenza ukufunda kube ngumsebenzi onzima kuzo futhi zisemathubeni amaningi okulangazelela izikhathi zenu zokufunda ndawonye.

**NAL'IBALI ON RADIO!**

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:  
Ukhozi FM on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.  
SAfm on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.



SABC EDUCATION  
Enriching minds. Enriching lives.

**UNAL'IBALI USEMSAKAZWENI!**

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali:  
Ku-UKhozi FM ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni.  
Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 emini.

Drive your imagination



# A ghost in Granny's pyjamas

By Kai Tuomi ✨ Illustrations by Magriet Brink and Leo Daly



One dark night, Onke was fast asleep in his little bed, in his little room, in the house he shared with Mama, Papa, Granny, and his little pet dog called Puppy. Puppy was asleep on a red blanket at the foot of Onke's bed. She was snoring quietly and dreaming of catching squirrels in the park.

Suddenly Onke heard a loud noise and woke up with a fright. "What's that noise?" he said, shaking. He pulled the blanket over his head. "I hope it's not a monster or a scary ghost. I don't like ghosts."

**CRUNCH!** "There it is again," he said, trying to sound brave. "I have to find out what made that noise." So Onke picked up the green plastic torch he kept on his bedside table, and shone it around the room.

"Do you think a ghost made that noise?" Onke asked Puppy, who was still fast asleep and dreaming about chasing squirrels. Onke patted her head.

**HOO! HOO!** A new noise came from outside.

"Is that a ghost?" asked Onke, shining his torch through the window.



A big, fat brown thing, covered in feathers, with a yellow beak, sat on the branch outside. Onke laughed and said, "That's not a ghost. It's just a big owl sitting in the tree outside my room. But I wonder what made that crunching sound?"

**HOO! HOO!** The big owl spread its wings and flew off across the garden.

"Owls hunt for mice and rats at night, that's why people never get to see them. It's quite lucky to see an owl," said Onke. "Isn't that right, Puppy?"

But Puppy was still fast asleep, so Onke rubbed her furry little tummy and she snored and rolled over on her red blanket.

"Maybe I'm just being silly," thought Onke. But then he saw something dark and scary in a corner of the room. It looked like a big monster with vulture wings and lion's claws and long tusks like a warthog's.

"Is that a ghost?" he said, shining his torch into the corner of the room. Onke laughed when he saw what it really was. "That's not a ghost! It's just my dirty clothes, hanging on a chair. I should have put those away like Mama asked me to. Isn't that right, Puppy?" But Puppy was still fast asleep and was now drooling onto her red blanket.

"But what was that crunching noise I heard earlier?" said Onke. **CRUNCH!** He heard the noise again and shivered. "That must be a ghost," he thought, "and it sounds like it's floating around just outside my room."

Onke was trying to be very brave, even though his knees shook like jelly. He peeked out from behind his bedroom door, and looked into the dark passage.

But there was nothing there, just his parents' shoes next to the wall, and Puppy's water bowl on a little mat. Onke crept along the carpet in the passage, past his parents' bedroom, and peeked into the kitchen.

"It's a ghost!" he shouted, shining his torch onto a black shadow standing near the stove. The ghost wore blue pyjamas with fluffy sheep on them.

"Those are Granny's pyjamas," said Onke. "Why have you stolen Granny's pyjamas, Ghost?" Onke shone his torch up to look at the ghost's face. There was Granny!

"Onke," said Granny, her mouth hanging open in shock. "You gave me such a fright. I thought you were a ghost."

"I thought *you* were a ghost," Onke said, giggling. "What are you doing in the kitchen so late at night, Granny?"

"I couldn't sleep," said Granny, "so I came into the kitchen for a mug of warm milk and some biscuits. Do you want to have a midnight snack with me?" Onke smiled and nodded his head.

So he and Granny sat at the kitchen table chatting quietly as they dunked delicious crunchy butter-biscuits into mugs of warm milk. Then they made a toasted sandwich to share, with pickles, ham, cheese, tomato, and fresh green lettuce.



When they had finished eating and drinking, they brushed their teeth for the second time that evening. Then Onke said goodnight to Granny and went back to his bedroom. As he opened the door, Puppy jumped up and barked.

"Puppy," said Onke, patting her head, "it's only me, you silly dog. Did you think I was a ghost?"

Puppy licked his face and rolled over on her red blanket.

"I solved a mystery tonight. Did you know that, Puppy?" asked Onke. But Puppy had already curled up and closed her eyes.

"That looks like a good idea," said Onke. "Goodnight, Puppy."

"Goodnight," said a friendly ghost on the ceiling, who was just passing through the house looking for warm milk and biscuits to eat.

But Onke was already fast asleep.

Ngobunye ubusuku obumnyama, u-Onke wayelele zwi embhejaneni wakhe omncane, egunjini lakhe lokulala elincane, endlini ayehlala kuyo noMama, noBaba, noGogo, kanye nenja encane engumngani wakhe ebizwa ngoMdlwane. UMdlwane wayelele engutsheni ebomvu ezinyaweni zombhede ka-Onke. Wayehona kancane futhi ephupha ngokubamba izinkwe epaki.

Kusenjalo u-Onke wezwa umsindo omkhulu wase evuka ethukile. “Ngabe uyini lowo msindo?” kusho yena, eqhaq hazela. Wazimboza ikhanda ngengubo. “Ngifisa sengathi kungebe inunu noma yisipoki esisabekayo. Angizithandi izipoki.”

**PHAHLA!** “Nanso futhi,” kusho yena, ezama ukuqina isibindi. “Kumele ngithole ukuthi yini eyenza lowo msindo.” Ngakho-ke u-Onke wathatha ithoshi leplastiki eliluhlaza okotshani ayeligcina etafuleni eliseceleni kombhede, wase elikhanyisa elizungezisa igumbi.

“Ngabe ucabanga ukuthi lowo msindo wenziwe yisipoki?” kubuza u-Onke kuMdlwane, owayesalele ethe zwi futhi ephupha ngokujaha izinkwe. U-Onke wamumbambatha ekhanda.

**HHOO! HHOO!** Kwezwakala umsindo omusha owawuvela ngaphandle.

“Ngabe yisipoki yini lesi?” kubuza u-Onke, ekhanyisa ithoshi lakhe efasiteleni.



Kwakukhona into enkulu, ekhuluphele ensundu, embozwe yizimpaphe, enomlomo ophuzi, eyayihleli egatsheni ngaphandle. U-Onke wahleka wase ethi, “Akusona isipoki. Yisikhova esikhulu nje esihleli ngaphandle kwegumbi lami. Kodwa ngiyafisa ukwazi ukuthi yini le eyenza umsindo wokuphahlazeka?”

**HHOO! HHOO!** Isikhova esikhulu sanweba amaphiko aso sase sindiza siwela ingadi.

“Izikhova zizingela amagundane nezingoso ebusuku, yingakho abantu bengaziboni nhlobo. Kuyinhlanhla enkulu ukubona isikhova,” kusho u-Onke. “Ngabe akunjalo, Mdlwane?”

Kodwa uMdlwane wayelele ethe zwi, ngakho u-Onke wahlikihla isisu sakhe esincane esinoboya wase ehona wase ephendukela engutsheni yakhe ebomvu.

“Mhlawumbe umqondo wami udlala ngami nje,” kucabanga u-Onke. Kodwa kusenjalo wabona okuthile okumnyama nokwesabekayo ekhoneni legumbi. Kwakubukeka sengathi yinunu enkulu enamaphiko okhozi namazipho ebhubesi kanye namazinyo amade afana nawentibane.

“Ngabe yisipoki lesi?” kusho yena, ekhanyisa ithoshi lakhe ekhoneni legumbi. U-Onke wahleka lapho ebona ukuthi empeleni kwakuyini. “Akusona isipoki! Yizingubo ezingcolile nje ezilenga esitulweni. Bekufanele engabe ngizibeke ngendlela uMama ayethe ngizibeke ngayo. Akunjalo, Mdlwane?” Kodwa uMdlwane wayesalele ethe zwi futhi namathe akhe ayesevuzela engutsheni yakhe ebomvu.

“Kodwa ngabe ubuyini lowo msindo wento ephahlazekayo owenzeke phambilini?” kusho u-Onke. **PHAHLA!** Wezwa umsindo futhi wase eqhaq hazela. “Kufanele ukuthi yisipoki lesi,” kucabanga yena, “futhi kuzwakala sengathi sindiza emoyeni ngaphandle kwegumbi lami.”

U-Onke wayezama ukuziqinisa isibinjana, noma amadolo akhe ayeqhaq hazela njengojeli. Walunguza ngemva komnyango wegumbi lakhe lokulala, wase ebheka ephaseji elimnyama.

Kodwa kwakungekho lutho lapho, kwakukhona izicathulo zabazali bakhe nje eduze nodonga, kanye nendishi yamanzi kaMdlwane kumata omncane. U-Onke wanyonyoba kukhaphethi ephaseji, wadlula igumbi lokulala labazali bakhe, wase elunguza ekhishini.

“Yisipoki!” esho ememeza, ekhanyisa ithoshi esithunzini esimnyama esime eduze kwesitofu. Isipoki sasigqoke amaphijama aluhlaza okwesibhakabhaka anezimvu ezinomfonomfo kuwo.

“Amaphijama kaGogo lawo,” kusho u-Onke. “Uwantshontsheleni amaphijama kaGogo, Sipoki?” U-Onke wakhanyisa ithoshi lakhe ukuze abuke ubuso besipoki. KwakuwuGogo!

“U-Onke,” kusho Gogo, esekhamisile nje ngenxa yokwethuka. “Waze wangethusa. Bengicabanga ukuthi uyisipoki.”

“Bengicabanga ukuthi nguwe oyisipoki,” kusho u-Onke, egigitheka. “Wenzani ekhishini ebusuku kangaka, Gogo?”

“Bengingakwazi ukulala,” kusho uGogo, “ngakho-ke ngize ngeza ekhishini ukuze ngizitholele ubisi olushisayo kanye namabhisikidi. Ngabe ufuna ukuzitholela okokubamba umoya kwaphakathi namabili nami?” U-Onke wamamatheka wase enqekuzisa ikhanda lakhe.

Ngakho yena kanye noGogo bahlala etafuleni lasekhishini bexoxela phansi bede begcobhoza amabhisikidi aklamuzelayo ezinkomishini ezinobisi olushisayo. Base bezenzela isemishi elithosiwe abazokwabelana ngalo, elilinama-pickles, i-ham, ushizi, utamatisi, kanye nolethisi oluhlaza omusha.



Lapho sebeqedile ukudla nokuphuza, baxubha amazinyo abo okwesibili ngalobo busuku. U-Onke wabe esefisela uGogo ubuthongo obumnandi wase ebuyela egunjini lakhe lokulala. Lapho evula umnyango, uMdlwane wagxuma wase ekhonkotha.

“We Mdlwane,” kusho u-Onke, emumbambatha ekhanda, “yimina nje, nja ecabanga okungasile. Ngabe ubucabanga ukuthi ngiyisipoki?”

UMdlwane wakhotha ubuso bakhe wase ephenduka engutsheni yakhe ebomvu.

“Ngisombulule impicabadala kusihlwa nje. Ngabe ubukwazi lokho, Mdlwane?” kubuza u-Onke.

Kodwa uMdlwane wayesezigoqile wase evala amehlo akhe.

“Kubukeka kuyisu elihle lokho,” kusho u-Onke. “Ulale kahle, Mdlwane.”

“Ulale kahle,” kusho isipoki esinobungani esasisophahleni, esasilula endlini sifuna ubisi olushisayo kanye namabhisikidi esizokudla.

Kodwa u-Onke wayeselele zwi.

# Nal'ibali fun


Use the clues below to help you complete the crossword puzzle about *Helga's big splash*.

## DOWN

- The kind of animal Helga was

## ACROSS

- A wild animal with a long neck
- A wild animal with a snout
- The wild animal who told Helga that she was too fat
- Where the animals went to drink water
- What Helga made when she jumped into the water – A big \_\_\_\_\_



# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali


Sebenzisa lokhu okukhomba umkhondo ukuze kukusize ukuthi uqedele iphazili yamagama aphambanayo (crossword puzzle) emayelana nendaba ethi *Ukuxambukela emanzini okukhulu kukaHelga*.

## UKUSHONA PHANSI

- Isilwane sasendle esinentamo ende.

## UKUVUNDLA

- Imvubu yayilokhu \_\_\_\_\_ emanzini.
- Uhlobo lwesilwane ayeyiso uHelga.
- Umsindo owenziwa yizilwane ngesikhathi uHelga ezothi Gxumbu! Sapha! emanzini, uku\_\_\_\_\_.
- Isilwane sasendle esatshela uHelga ukuthi ukhuluphele kakhulu.
- Isilwane sasendle esinekhala elide.



Answers: 1. hippopotamus, 2. giraffe, 3. wart hog, 4. baboon, 5. waterhole, 6. splash  
Impendulo: 1. indlulamithi, 2. ingena, 3. imvubu, 4. chwaza, 5. imlene, 6. imlibane

World Gratitude Day is celebrated on 21 September. Read what some of the Nal'ibali characters say they are grateful for. Then write down what you are grateful for on strips of paper. Write one thing on each strip.


I am grateful ...

Usuku Lomhlaba Lokubonga lugujwa mhla zingama-21 kuMandulo. Funda ukuthi ngabe yizini ezinye zezinto abazibongayo. Bese ubhala ukuthi yini oyibongayo emicwini yamaphepha. Bhala into eyodwa emcwini wephepha ngamunye.

Ngibonga ...



I am grateful for my dog, Noodle.  
Ngibongainja yami, uNoodle.



I am grateful that I have a mom and dad who read to me.  
Ngibonga ukuthi nginomama nobaba abangifundelayo.



I am grateful that I am good at making things.  
Ngibonga ukuthi ngimuhle ekwenzeni izinto.

I am grateful for my friends.  
Ngibonga abangani bami..



Visit us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sivakashela ku-Facebook  
ku-[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Don't forget that we will be taking a break until the week of 23 October 2016. Join us after the school holidays for more Nal'ibali reading magic! In the meantime, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.

Ungakhohlwa ukuthi sizoke sihlabe ikhefu kuze kube yisonto langomhla zingama-23 kuMfumu wezi-2016. Thokozelani amaholide asebusika, bese nihlalanganyela kanye nathi ngemva kwamaholide ukuze nithole omunye umlingo wokufunda wakwaNal'ibali! Okwamanje, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze uthole ezinye izindaba kanye nokokufunda okuhlaba umxhwele.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.